

isiZulu

Izinga

4c



**UNomazwi
uzigcina
ephilile!**

Nomsa Mokoena



Imisindo (ukubuyekeza)

hl, kh, mb, nd, ng, ny, ph, bh, dl, nk, nz, sh, ns, nt, th, kw, ndl, nhl

Imisindo (emisha)

gc (uzi**gc**ina, ngizi**gc**ina, uku**gc**ina, ukuyi**gc**ina, ukuzi**gc**ina, ungazi**gc**ina, amag**gc**iwane, uku**gc**izelela)

zw (uNomaz**wi**, nginguNomaz**wi**, uz**we**, u**Z**welakhe, no**Z**welakhe, uyiz**wile**)

Igama abalibona njalo (elisha)

kamnandi

Amagama amasha abawabona njalo

kanjani

ngesigqoko

nobuchopho

UNomazwi uzigcina ephilile!

isiZulu

Izinga 4C

ISBN: 978-1-77981-079-3

© 2023 Ulwazi Lwethu African Languages Literacy Project

Umbhali: Nomsa Mokoena

Umhumushi: Zandile Malaza

Umdwebi: Nicola Smith

Isakhiwo: Rock Bottom Graphic & Design

Uhlelo lokuqala lokushicilela luka-2023

UNomazwi uzigcina ephilile!



Nomsa Mokoena

Sawubona! NginguNomazwi. Ngingathanda ukuba uzwe ukuthi ngizinakekela kanjani.


Umama uthi kubalulekile ukunakekela imizimba yethu.

Esikudlayo nesikuphuzayo kubalulekile. Ukuhlala sihlanzekile nokuzivocavoca kubalulekile. Izembatho nesikhathi esisilalayo nakho kubalulekile!



Ukudla kahle kubalulekile. Ngidla imifino, izithelo, amaqanda, amakinati, ukolo, inkukhu nenhlanzi.

Amashiphusi, amakhekhe, amabhisikidi, idombolo nezinto ezinoshukela, kepha akulungile! Ngikudla kuphela ngezikhathi ezikhethekileyo.



Ngizigcina ngiphilile ngokuphuza amanzi amaningi. Ubaba uthi amanzi ahlanza imizimba yethu ngaphakathi.

Ngiphuza nobisi, ukuze amazinyo ami aqine. Umfowethu ongelamayo uZwelakhe uthanda ubisi!

Iziphuzo ezibandayo nojusi kunambitheka kamnandi, kepha akulungile! Ngikuphuza ngesinye isikhathi.

Uthi bewazi?

Kumele siphuze izingilazi zamanzi eziyi-8 ngosuku.



Umama uthi ukugcina imizimba yethu
ihlanzekile kusiza ukuyigcina iphilile.

Ngihlale ngigeza izandla zami. Lokhu
kusiza ukuvikela amagciwane angangeni
emzimbeni wami. Ngibala ngifike eshumini
uma ngigeza ukuqinisekisa ukuthi
zihlanzekile.

Ngixubha amazinyo ekuseni nasebusuku.



Ngembatha ngokwesimo sezulu.


Ebusika, izinyawo ngizifudumeza ngamasokisi. Ikhandu ngilifudumeza ngesigqoko, intamo yona ngiyifudumeza ngesikhafu. Ijezi lenza umzimba wami wonke ufudumale. Lokhu kubalulekile ukuze ngingaguli.

Ehlobo, ngifaka izembatho ezingenza ngiphole, ezifana nesikhindi, isikibha namasandali. Ngifaka ikepisi ukuvikela ubuso bami elangeni.



Kubalulekile ukuthi ngizivocavoce okungenani isikhathi esiyimizuzu engamashumi amathathu wonke amalanga, ukuze ngihlale ngiphilile.

Ntambama ngiphuma endlini, ngiyogijima futhi ngeqe intambo. Lokhu kusiza ukuthi umzimba wami uhlale unamandla.



Ngilala ngehora lesishiyagalolunye ebusuku. Kufanele ngivuke ngehora lesithupha ekuseni ukulungiselela ukuya esikoleni.

Ubaba uthi umzimba nobuchopho bami kuyaphumula kukhule uma ngilele. Ukulala kahle ebusuku kungisiza ukuthi ngifunde kahle esikoleni.

Uthi bewazi?

Izingane ezikoleni zamabanga aphansi zidinga amahora ayi-10 kuye kwayi-11 okulala bonke ubusuku.





Uyizwile indaba yami.

Ngiyakwazi ukuzinakekela. Ngiyazazisa ngokuthi ngiphilile.

Futhi ngifundisa noZwelakhe ukuzigcina ephilile.

Kuhle ukugcizelela ukuzinakekela.

Nawe ungazigcina uphilile!



Ulwazi Lwethu

Readers

Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nescibucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlazeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNTombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlini uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqjwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

Izinga 4-5

- Izingosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

ZENEX
FOUNDATION


MOLTENO
INSTITUTE FOR LANGUAGE AND LITERACY
EST. 2014



Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge “Open Education Resources” (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
ulwazilwethu.org.za



Creative Commons Attribution-
NonCommercial-NoDerivatives
(CC BY-NC-ND) 4.0
International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

